# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *08/2013 Intshumayelo ngomkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 6. 1. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 79/72

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, namuhla siyakhumbula ukuthi wambulela abezizwe iNdodana yakho ezelwe yodwa uJesu Kristu ngenkanyezi ababeyibona empumalanga, nangezwi likaMika ababelizwa. Sesiyacela kuwe ukuba usabele ukuba sihambe njalo ekukhanyeni kwabezizwe okunguKristu iNdodana yakho, sikulandele, size sikubone enkazimulweni yobukhosi bakho. Siyacela lokhu ngayo iNdodana yakho, uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseEfesu 3:2-6;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 2:1-12.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 76/69

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuIsaya 60:1-6, lithi: "Vuka ukhanye, ngokuba ukukhanya kwakho kuyeza; inkazimulo kaJehova iphumela phezu kwakho. Ngokuba bheka, ubumnyama buyasibekela umhlaba, nesigayegaye abantu; kepha uJehova uyaphuma phezu kwakho, nenkazimulo yakhe iyakubonakala phezu kwakho. Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwakho, namakhosi ekukhazimuleni kokuphuma kwakho. Phakamisa amehlo akho nxazonke, ubone; babuthana bonke, beza kuwe; amadodana akho ayakuvela kude, namadodakazi akho ayakuphathwa ngezingalo. Khona uyakubona, ukhazimule; inhliziyo yakho iyakugquma, yanuleke, ngokuba ingcebo yolwandle iyakuphendulelwa kuwe, nemfuyo yezizwe iyakuza kuwe. Ubuningi bamakamela buyakukusibekela, amakamela amasha akwaMidiyani nase-Efa; bonke abaseSheba bayakuza, balethe igolide nenhlaka, bamemezele izindumiso zikaJehova." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bangane beNkosi yethu uJesu Kristu, usuku lomkhosi wePhifaniya luqondisa amehlo ethu ekuzambuleleni kukaNkulunkulu emhlabeni. Konke kuyazungeza isimemezelo sokuthi uNkulunkulu uyazambulela ezidalweni zakhe. Wakwenza lokhu ngezikhathi zonke ngezwi lakhe

elingcwele nangezenzo zakhe, kakhulu esizweni sabakwaIserayeli ngabaprofethi namakhosi akubo, ekugcineni wazambulela kuye uJesu Kristu, uNkulunkulu owaba yinyama: “UNkulunkulu ovela kuNkulunkulu. Ukukhanya okuvela ekukhanyeni, uNkulunkulu uqobo ovela kuNkulunkulu uqobo, owazalwayo, engenziwanga, osibili sinye noYise, okwenziwa ngaye zonke izinto; owehla ezulwini ngenxa yethu thina bantu nangenxa yokusindiswa kwethu, waba yinyama ngoMoya oNgcwele kuMariya intombi, futhi waba ngumuntu” njengokusho kwesivumo saseNikeya. Kuqinisile, uJesu Kristu wazalwa ngosuku olungcwele lukaKhisimuzi yintombi uMariya eBetlehema, phansi kwamehlo kaJosefa axwayile. “Bhekani, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.” Lengane encane eyayiphathwa kahle phakathi komhlane nembeleko kanina uMariya, yancela ibele kuye, eyiNkosi yamabutho, iNkosi yamakhosi, uNkunkulu wawonkulunkulu bonke, enamandla, nenkazimulo ezulwini nasemhlabeni. Udumo malube kuye, manje naphakade!

Kanjalo uNkulunkulu wabonakala kubelusi, eyingane encane, engcolisa izindwangu zayo, elele ebuthakathakeni bayo emkhombeni, kodwa izingelosi zamabutho asezulwini zabiza abelusi abampofu emihlambeni yabo ukuba baye babone uNkulunkulu owazambulela ukuzibonakalisa kwakhe, mhla kwaqala isikhathi esisha. UNkulunkulu uyazambulela ngezwi elaba yinyama, emuntwini. Oyibonayo iNdodana uyambona noYise. Kwangumbono osabekayo, mhla amazulu evuleka nezingelosi zikaNkulunkulu zihlabelela indumiso nesimemezelo esikhulu esithi: “Udumo malube kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye!” Kodwa ukuyibona ingane emkhombeni kwakungesabisi, kwakuyisimemo esithi: “Wozani, nibone uthando lukaNkulunkulu, nomusa, nobubele bakhe, lengane iyiNkosi yenu noMsindisi wenu.”

Kanjalo uNkulunkulu wazibonakalisa kuzo izazi zasempumalanga - emakhosini ezizwe, kubo ababusi babantu abaningi, abanamandla amakhulu, abasegazini lamakhosi, nakubo uNkulunkulu wazibonakalisa, kodwa akazibonakalisanga kubo eJerusalema emzini wenkosi, kodwa eBetlehema, emzini omncane phakathi kwemizi yaseJudeya. Leziyazazi zaholwa yinkanyezi ekhazimule, yisibonakaliso esiveziwe nguNkulunkulu emkhathini, esahola lezazi zezinkanyezi zasempumalanga ukuba ziye ziqonde ukuya ekukhanyeni okudlula ukukhanya kwelanga nakho ukukhanya konke okunye, kuyo inkwezi, inkanyezi kaDavide neyabantu bezizwe zonke. Lezazi esingasho ngazo ukuthi zalandela inkolo emangalisayo yamazwe akude. Leziyazazi zabizwa ngendlela emangalisayo, nokuholelwa, nokuqondiswa nguMoya oNgcwele kuyo iNdodana ezelwe iyodwa nguNkulunkulu ophilayo, kuJesu Kristu, uMsindisi womusa wezwe lonke elisibekelwe yisigayegaye esesabekayo, lapho uJesu engekho khona, isigayegaye sethunzi lokufa. Kuye kuJesu Kristu leziyazazi zavulelwa indlela eyodwa eyakuBaba osezulwini. UJesu Kristu unguMesiah weqiniso wabaJuda. Ngokufika kwakhe emhlabeni wagcwalisa izithembiso zikaYise zasendulo ezathenjiswa abasendulo. Ngobuhle

bakhe nangomusa wakhe uJesu uyadlula izithembiso zakhe kakhulu, ngokuba ngokufika kwakhe walethela izizwe zonke insindiso, nakuzo izizwe ezisemakhulweni onke omhlaba. Kungabi isizwe sakwaIserayeli kuphela esiyakuzwa ngenkazimulo nangamandla akhe, kodwa zonke izizwe ziyashunyayezwa insindiso elungiselwe abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke, ukuba izizwe zonke zihlanganiswe etafuleni leWundlu likaNkulunkulu - kanye noAbrahama, noIsaka, noJakobe, kanye nabaphostoli nabaprofethi, nabo ofakazi begazi, kanye nabo bonke bebandla elingcwele likaKristu ukuba ekugcineni bonke, bonke bahlangane phambi kobuso bukaNkulunkulu kanye nebutho lezingelosi, badumise bathi: “Ungcwele, ungcwele, ungcwele, Nkosi, Nkulunkulu uSebaothi, izulu nomhlaba kugcwele inkazimulo yakho. Wena uyiNkosi yenkazimulo, Kristu, uyiNdodana eyodwa ephakade, uyiNdodana kaYihlo wasezulwini.”

Ekerikeni kulondoloziwe inkulumo ethi izazi zasempumalanga zingabameli bezizwe abahlezi nasemakhulweni omhlaba, zagibela amahashi amahle, namakamela ayengaziwe, abanye bathi: Zagibela nezindlovu, zeza ukuvakashela eNkosini yamakhosi, ngokuba inguye edlula uSalomone owavakashelwa yinkosikazi yaseSheba eyaqhamuka ezweni elikude. Ekerikeni izazi zapendiwa ngobuciko, kulemifanekiso ependiweyo izazi lezo zakhonjwa ukuba zibe ngamakhosi ayeqhamuka emazweni amathathu ayaziwe ngalesosikhathi uKaspare eYuropha, uMelchiore eAferika, noBalethazare eAsiya, aletha izipho ezaziwe kakhulu emazweni akubo: Igolide, namakha, nenhlaka. Zamela abantu bezizwe namazwe  abazobe basondela ukuguqa phambi kwesihlalo senkazimulo yasezulwini ngosuku, mhla iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu ezobonakala enkazimulweni yakhe ekugcineni, mhla eyakubuya ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo. Ngalelolanga bonke bayakuba khona, akakho namunye ongaba engekho. Namuhla kwenzeka ukuba umuntu engayi, uma ebizelwa eNkosini, kodwa ngalelolanga bonke bazobuthana phambi kwayo.

Okwenziwe eBetlehema ungathi kwakungumzamo wokuzilungisela izingubo esimelwe ukuzigqoka, mhla sizobonakala phambi kwesihlalo sokwahlulela kweNkosi ekugcineni, mhla kuzohlolwa khona ukuthi samukele ingubo yomshado ukuyigqoka impela njengokusho kukaMathewu 22:11-14, mhla samenywa nokwembathiswa ingubo yokulunga kukaKristu. Khona ekugcineni kwesikhathi kuzobonakala ukuthi izingcebo zonke zomhlaba zingezayo iNkosi yamakhosi. Konke kungokwayo, isihlalo senkazimulo eJerusalema lasezulwini sidlula konke esikubonile siselapha emhlabeni. Yona izokhazimula kunakho konke okunye. Yena uNkulunkulu uMthathwemunye uzobonwa yithina sonke, njengokuba enjalo, engoweqiniso, womusa. UyiNkosi yakho konke, “ukuze abe-yikho konke kukho konke.” Kuyakuba intokozo, injabulo, nothando olumangalisayo lokuthandana. kuze kube phakade.

Ngesikhathi sePhifaniya ikerike likaKristu liyakhumbula ukubonakaliswa kukaNkulunkulu emhlabeni, noma esikhathini somhlaba: NgoKhisimuzi siyakhumbula okwenzekile eBetlehema, ngamasonto esikhathi sePhifaniya sikhunjuzwa ngamavangeli ukuthi uJesu wakhazimuliswa ngemisebenzi yakhe eKana nasolwandle lwaseGenesaretha, kakhulu ngokukhazimulwa entabeni ephakeme, nokuthi nokuthi. Kanjalo siyazithokosisa ngokukhumbula ukuthi uNkulunkulu wagcwalisa izithembiso zakhe ezithi: wathembisa ukuza ukusindisa nokukhulula, nokuhlenga, nokuphulukisa nokungcwelisa abantu bakhe. Isimemezelo esithokozisazo sithi: Ukwenzile lokhu ngakho okwenziwe nguJesu Kristu onguMsindisi wethu osithethelela zonke izono zethu ngomusa, zibe ezithethelelwe manje naphakade. Futhi ikerike liyagqugquzelwa kulesisikhathi sePhifaniya ukwethemba ukuthi uNkulunkulu uzogcina inhloso yakhe ukuba simbone sonke ekugcineni ukuthi nguye njengokuba enjalo ukuba simdumise kuze kube phakade, enguNkulunkulu weqiniso oyedwa: UYise, neNdodana noMoya oNgcwele. Udumo malube kuye manje naphakade. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu ophakade, Yise wokukhanya! Siyakudumisa, ngoba uthumile ezweni iNdodana yakho uJesu Kristu ozibonakalisayo ngaye ezizweni zonke. Siyakubonga ngoba uyasimema ngeVangeli lakho ukuba siphume ebumnyameni, singene ekukhanyeni kwakho. Siyacela kuwe ukuba ngofakazi beqiniso lakho uthume izwi lakho emhlabeni wonke, uvuse izinhliziyo zabaningi, ziphume ebumnyameni, ziphendukele kuwe, zingene ekukhanyeni kwakho. Mawulondoloze, ubusise izithunywa zakho emazweni onke ukuba zilwele umbuso wakho ngokukholwa nangesibindi. Nkosi yamakhosi, mawufike umbuso wakho! Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 75/68

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-K. P. P. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.